IMenenja kaMasipala uMsunduzi, ngokulandlea isigaba 13(a) soMthetho Wezinhlelo Zikamasipala: Ohulumeni Basekhaya, wezi-2000 (uMthetho uNo. 32 wezi-2000), ikhipha iMithetho kaMasipala emaqondana Nokulawulwa Kwemfucuza kuMasipala UMsunduzi njengalokhu yamukelwe nguMkhandlu wawo njengoba kubekiwe lapha ngezansi.

ISINGENISO

NJENGALOKHU uMasipala elazi ilungelo loMthethosisekelo lalowo nalowo muntu lokuhlala endaweni engenabungozi empilweni yakhe nevikela izizukulwane zamanje nezizayo endaweni kaMasipala ngokuhlinzeka, ngokuhlanganisa nemithetho esebenzayo, uhlaka lwezomthetho nolwezokuphatha uMasipala angalusebenzisa ukuzakhela nokulawula izibophezelo zawo ngaphansi koMthetho Wemfucuza;

NJENGALOKHU FUTHI okwamanje uMasipala ungahlinzeki ngemisebenzi yokuthuthwa kwemfucuza kuzo zonke izindawo ezingaphansi kwawo kanti futhi sewuhlonze isidingo sokukulungisa lokhu oHlelweni lwayo Oludidiyele Lokulawulwa Kwemfucuza olwakhiwe ngokwesigaba 12 soMthetho Wemfucuza;

NJENGALOKHU FUTHI uMasipala uyabona ukuthi nanoma yiliphi Isu likaZwelonke Lokulawulwa Kwemfucuza lizodinga ukuba uMasipala aqalise izinhlelo zokuncishiswa kwemfucuza nokusetshenziswa kabusha kwayo ukuze kuqinisekise ukusimama kwengcebo kanye nokuthi ukwamukelwa kwemithetho kamasipala kuyohlinzeka ngemithetho efanele ukuze kuzuzwe lokhu okubekwe phambili okunganqunywa nguNgqongqoshe wesiFundazwe,

NGALOKHO- KE UMISWE NGALE NDLELA:

Izincazelo

1. Kule mithetho kamasipala, ngaphandle uma ingqikithi ichaza okunye-

"isisebenzi esigunyaziwe" kusho isisebenzi soMkhandlu esinikezwe umsebenzi noma amandla ngaphansi kwale mithetho kamasipala emaqondana nokusetshenziswa noma ukwenziwa kwalowo msebenzi noma amandla futhi kubandakanya nanoma yisiphi isisebenzi esisebenza ngaphansi kolawulo nangokuyalela kwaleso sisebenzi;

"imisebenzi yezohwebo" kusho nanoma yimuphi umsebenzi, ngaphandle komsebenzi kamasipala, ophathelene noma oxhumene nokuqongelelwa, ukuqoqwa, ukulawulwa, ukusetshenziswa kabusha, ukuhlungwa, ukugcinwa, ukuhlelwa, ukuthuthwa, ukulahlwa, ukuthengwa noma udayiswa kwemfucuza noma iyiphi enye indlela yokuphathwa kwemfucuza;

"I-DAEARD" kusho uMnyango Wezolimo, Ezemvelo kanye Nokuthuthukiswa Kwemiphakathi Yasemakhaya;

"indawo yokulahla imfucuza" kusho indawo esetshenziselwa ukuqongelela imfucuza ngenhloso yokuyilahla noma yokuyihlela;

"I-DWAF" kusho uMnyango Wezamanzi Namahlathi;

"umhloli wezokuphathwa kwezemvelo" kusho umuntu oqeqeshwe ngokwanele oqashwe ngokweSahluko 7 se-MEMA;

“umsebenzi wezingadi” kusho ukuhlinzekwa komsebenzi wezingadi kumbandakanya nokusikwa kotshani, ukunqunywa kwezihlahla kanye nanoma yimiphi eminye imsebenzi ephathelene nokulima okumbandakanya nokuhlelwa komhlaba ezindaweni zokuhlala, zezamabhizinisi, zezohwebo noma zezezimboni;

“ukungcola okukhishwa yizimboni” kusho nanoma yiluphi uketshezi, olunezinhlalayi noma olungenazo, olukhishwa ngokuphelele noma ngengxenywe, olukhiqizwa njengomphumela wanoma yikuphi ukwakhiwa, noma ukuhweba, ukuxutshwa, ukumba noma imisebenzi yamakhemikhali noma yezimboni eyenziwe kunoma iyiphi indawo;

“Uhlelo Oludidiyele Lokulawulwa Kwemfucuzwa” kusho uhlelo olwakhiwe ngokwesigaba 12 soMthetho Wemfucuzwa;

“imfukumfuku” kusho nanoma yini elahlwe ngumuntu kunoma iyiphi indawo okungesiyona ehlelelwe ukuba kulahlwe imfucuzwa noma ihlelwe khona;

“umphakathi wendawo”, maqondana noMasipala, kusho uhlaka lwabantu okubalwa kubo-

- (a) abahlali bakuMasipala uMsunduzi;
- (b) abakhokhintela bakaMasipala uMsunduzi;
- (c) abezimboni ezizimele, nanoma yiyiphi inhlango yomphakathi, inhlango engekho ngaphansi kukahulumeni, inhlango yezabasebenzi noma inhlango eqondene nezindaba zendawo kumasipala; kanye
- (d) Nesivakashi noma yimuphi omunye umuntu ohlala ngaphandle koMasipala uMsunduzi osebenzisa izidingongqangi noma izikhungo zikaMasipala ngesikhathi ekulo Masipala;

“uNgqongqoshe Wesifundazwe” kusho iLungu Lesigungu Esiphezulu SesiFundazwe saKwaZulu Natali elibhekele ukulawulwa kwemfucuzwa esifundazweni;

“ukunciphisa”, uma kubhekiswe kwimfucuzwa, kusho ukugwenywa komthamo kanye nobuthi bemfucuzwa obudalekayo kanye nokwehlisa umthamo nobuthi bemfucuzwa elahliwe, uma kwenzekile kwadaleka imfucuzwa;

“uNgqongqoshe KaZwelonke” kusho uNgqongqoshe Wezolimo, Ezemvelo Nokuthuthukiswa Kwemiphakathi Yasemakhaya;

“indawo kamasipala” kusho nanoma yiyiphi indawo engaphansi kwemingcele kaMasipala uMsunduzi njengalokhu iklanywe yiBhodi Lemingcele noma njengalokhu ichitshiyelwe yileli Bhodi izikhathi ngezikhathi;

“umasipala” kusho uMasipala uMsunduzi kanye nabayolandela ngokomthetho, futhi kumbandakanya uMkhandlu kaMasipala noma iKomidi lawo Lesigungu Esiphezulu noma yiliphi olunye uhlaka olusebenza ngokwegunya elilinikezwe ngokomthetho, ngokunjalo nanoma yisiphi esinye isikhulu esinikezwe amandla nemisebenzi yiKomidi Lesigungu Esiphezulu maqondana nale mithetho kamasipala;

“umsebenzi kamasipala” kusho umsebenzi ophathelene nokuqoqwa kwemfucuzwa ohlinzekwa ngumasipala kuphela ngokwezimiselo ZoHulumeni Basekhaya: UMthetho Wezinhlalo ZoMasipala, wezi-2000 (UMthetho uNo.-32 wezi-2000);

"I- NEMA" kusho uMthetho Wokuphathwa Kwezemvelo kuZwelonke, we-1998 (UMthetho uNo.107 we-1998);

"inkathazo" kusho nanoma yikuphi ukulimala, ingozi, umonakalo, ukukhathaza noma ukucasula kunoma ubani noma emvelweni okudalwa ukuphathwa noma ukulawulwa kwemfucuzo ngokungesikho nanoma ngayiphi indlela engalungile, okumbandakanya kodwa kungacini ngalokhu, ukugcinwa, ukubekwa, ukuqoqwa, ukuthuthwa noma ukulahlwa kwemfucuzo, noma ngokungcolisa;

"osebenzisa indawo", maqondana nanoma yisiphi isakhiwo, kusho nanoma ubani osebenzisa leso sakhiwo kanti uma kungekho umuntu osebenzisa leyo ndawo, yinoma ubani okungaba ungumnikazi, oqashile, onelayisensi noma okunye anako okwesikhashana, olawula leso sakhiwo futhi kuyobandakanya odayisa emgwaqeni osebenzisa indawo ngezinhloso zokuqhuba ibhizinisi njengomdayisi wasemgwaqeni;

"umnikazi" kusho-

- (a) umuntu onikezwa igunya lobunikazi besakhiwo ngokusemthethweni izikhathi ngezikhathi;
- (b) esimweni lapho lowo onengunya lobunikazi ehluleka ukukhokha izikweletu noma edlula emhlabeni, noma engena emacaleni anoma yini, umuntu onikezwe ukuphatha noma ukulawula indawo yalowo muntu ubekwa ngomphathi, umphatheli obekiwe, umabi wamafa, umphathi, imenenja yezomthetho, okhokhisa izikweletu zomuntu noma ummeli wezomthetho;
- (c) kunoma yisiphi isimo lapho uMasipala engakwazi ukuhlonza lo muntu, umuntu onelungelo lokuhlomula ekusetshenzisweni kwaleso sakhiwo noma kwebhilidi noma amabhilidi akhiwe lapho;
- (d) esimweni lapho leso sakhiwo besiqashisiwe isikhathi esingaphezulu kweminyaka engamashumi amathathu noma ngaphezulu, oqashile lapho;
- (e) maqondana-
 - (i) nesiqeshana sendawo esichazwe epulanini yengxenyana yendaawo erejistwe ngokoMthetho Wesigatshana Samatayitela, we-1986 (UMthetho uNo. 95 we-1986), ngumthuthukisi noma uhlaka losomabhizinisi maqondana nemihlaba; noma
 - (ii) nesigceme njengalokhu sichazwe kulo Mthetho, umuntu esirejistwe egameni lakhe lesi sigceme ngaphansi kwetayitela lobunikazi besigceme, okubalwa nomphatheli osemthethweni walowo muntu;

"umuntu" kumbandakanya umuntu ngokubuka okomthetho njengenkampani erejistiwe noma ibhizinisi elinamalungu angeqile kwayishumi;

"ukunukubezeka kwemvelo" kusho noma yiluphi ushintsho emvelweni oludalwa –

- (a) yizinto; noma
- (b) okukhishwa yimisebe yelanga, noma okunye, amagagasi; noma
- (c) umsindo, iphunga elibi, uthuli, ukushisa okukhishwa ukwenza yinoma yimuphi umsebenzi, okubalwa kuyo ukugcina noma ukuphathwa kwemfucuzo noma izinto, ukwakha nokuhlinzeka ngemisebenzi, noma ngabe kwenziwa yinoma yimuphi umuntu noma uhlaka lukahulumeni, lapho lolo shintsho lunemithelela empilweni yabantu noma kwihlakahle noma ekubunjweni, ekuqineni kanye nasekukhiqizeni

kwenhlaliswanomvelo yemvelo noma elawulwayo, noma ezintweni ezilusizo kubantu, noma okuyoba nomthelela onjalo esikhathini esizayo;

“impahla” kusho–

- (a) impahla engagudluzeki erejistwe egameni lomuntu kumbandakanywa, esimweni sohlelo lwamatayitela ezingxenyana zendawo, indlu enetayitela lezingxenyana zendawo erejistwe egameni lomuntu;
- (b) ilungelo elirejistwe ngempahla engagudluzeki egameni lomuntu, ngaphandle kwesibambiso sendlu esibhaliswe ngempahla;
- (c) ilungelo lomhlaba elirejistwe egameni lomuntu noma elinikezwe umuntu ngokomthetho; noma
- (d) ingqalasizinda yemisebenzi yomphakathi;

“imali enqunyiwe” kusho imali enqunywe nguMasipala ngokulandela imithetho ebekiwe esebenzayo;

“indawo yomphakathi” kusho nanoma yimuphi umhlaba –

- (a) okungowohlaka lukaHulumeni; noma
- (b) olawulwa futhi ophethwe uMasipala kanti futhi okungenzeka ukuba–
 - (i) ubekwe eceleni ngokulandela nanoma yimuphi umthetho, uhlelo lokuklama noma uhlelo lwezindawo, ukuze usetshenziselwe ukungcebeleka komphakathi, ukongiwe kwemvelo, ukwakhiwa kwengqalasizinda yomphakathi noma ezolimo; noma
 - (ii) awuthukisiwe futhi uvulekile futhi awuhlelwe kwenza lutho ngokwanoma yimuphi umthetho, ngokohlelo lokuklama noma ngokohlelo lwezindawo;
- (c) olawulwa nguMasipala noma ngokukaMasipala ngezinhloso zokuhlinzeka imisebenzi yomphakathi, ebandakanya indawo eshiyelwe umgwaqo kanye nezindawo zezigxobo zikagesi, amapayipi kanye nezinye izinsiza zomphakathi;
- (d) olawulwa nguMasipala noma ngokukaMasipala ngezinhloso zokungcebeleka komphakathi, futhi kubandakanya yinoma yiliphi ipaki, izingadi zezimbali, izinkundla zemidlalo nezindawo zokudlala, kodwa hhayi izinkundla zokudlala igalofu.

“umgwaqo womphakathi” kusho nanoma yimuphi umgwaqo, isitaladi noma umhubhe noma iyiphi enye indawo (noma ngabe ingumhubhe noma cha) evame ukusetshenziswa umphakathi noma iyiphi engxenywe yayo noma umphakathi onelungelo lokungena kuyo, kanti futhi kubandakanya–

- (a) unqenqema lwanoma yimuphi umgwaqo, isitaladi noma umhubhe othile;
- (b) nanoma yiliphi ibhuloho, umfudlana noma umhosha onqanyulwa yilo mgwaqo, isitaladi noma umhubhe; kanye
- (c) nanoma yimuphi omunye umsebenzi noma into eyingxenywe noma exhumene noma engowalo mgwaqo, isitaladi, noma umhume;

“ukuvuselelwa kwemfucuza” kusho inqubo lapho imfucuza ilungiswa ukuze iphinde yakhe into ezobuye isebenze, lenqubo ifaka ukuhluzwa kwemfucuza ethile enqwabeni yemfucuza ukuze iphinde isetshenziswe, bese-ke leyo mfucuza ehluziwe iyasetshenzwa;

“isikhungo sokusetshenzwa kabusha kwemfucuza” kusho indawo uMasipala ayibekele ukuba kuvuselelwe kuyo imfucuza ukuze iphinde yakhe into ezobuye

isebenze;

“isakhamuzi”. Maqondana noMasipala, kusho umuntu ohlala endaweni kamasipala;

“ukusebenzisa kabusha” kusho ukusebenzisa izinto eziphuma kwimfucuza ngomsebenzi ofanayo noma owehlukile ngaphandle kokushintsha isimo sayo noma izimpawu zayo;

“umdayisi wasemgwaqweni” kusho umuntu othengisa, oshintshiselana, othengisa, oqashisa, okhangisa, okhombisa, onikela noma olungisa ukuze adayise, othengisa, oshintshiselana noma oqasha, noma iyiphi impahla, noma ohlinzeka noma onikezela nganoma imuphi umsebenzi ukuze athole inzuzo njengomdayisi wasemgwaqeni, umdayisi, umhwebi kodwa hhayi umuntu odayisa amaphephandaba nje kuphela;

“UMthetho Wezinhlaka” kusho uHulumeni Wasekhaya: UMthetho Wezinhlaka ZikaMasipala, we-1998 (UMthetho Uno.117 we-1998);

“UMthetho Wezinhlalo” kusho uHulumeni Wasekhaya: UMthetho Wezinhlalo ZikaMasipala, wezi-2000 (UMthetho uNo. 32 wezi-2000);

“Inkokhelo emisiwe” kusho inhlawulo yokuhlinzekwa kwezidingongqangi zikamasipala njengalokhu inqunywe nguMasipala ngokulandela imithetho efanele;

“unqenqema” kusho leyo ngxenyana yomgwaqo, isitaladi noma umhubhe, okubalwa nendledlana yabahamba ngezinyawo, engesiwona indlela eseceleni komgwaqo, isitaladi noma umhubhe.

“imfucuza”- kusho

- (a) nanoma iyiphi into, noma ngabe leyo nto inganciphiseka, ingasetshenziswa kabusha, ingasethsenzwa kabusha kumbe yenziwe ngcono noma cha—
 - (i) eyizinsalela, engasadingeki, enqatshiwe, engadingekile, elaxaziwe noma elahliwe;
 - (ii) umenzi wayo angesakuyisebenzisela ukukhiqiza;
 - (iii) okumele ilungiswe noma ilahlwe; noma
 - (iv) ehlonzwe uNgqongqoshe kuGazethi kaHulumeni njengemfucuza, okubalwa nemfucuza edalwa embonini yezokwelapha noma kwenye imboni, okuphinda futhi kumbandakanye –
- (b) **“imfucuza edaleka lapho kwakhiwa”** isho imfucuza edalwa ukubhidliza, ukumba noma imisebenzi yokwakha kunoma yiziphi izakhiwo;
- (c) **“imfucuza eyizindunduma”** okusho imfucuza engeke igcineke kalula emigqonyeni kadoti ngenxa yesisindo, umumo, ubungako noma ukukhiqizeka kwesikhashana okwedlulele, kodwa hhayi imfucuza edaleke lapho kwakhiwa noma imfucuza ekhethekile yasemakhaya;
- (d) **“imfucuza yezamabhizinisi”** okusho imfucuza eyomile ekhiqizwa endaweni engasetshenziselwa ukuhlala abantu njengamabhilidi amahhovisi, izitolo, izimakethe, amathiyetha, amahhotela, amadekho, imisebenzi yasezimbonini kanye nemisebenzi yezokukhiqiza futhi ephethwe ngamawolisela, abezohwebo, izikhungo zemisebenzi, okuphinda kubalwe kuyo imfucuza edalwa abasebenzi basemahhovisi noma abasebenzi balezi zikhungo, ngokunjalo nabadayisi basemigwaqeni njengalokhu bechazwe eMithethweni KaMasipala Yokuhweba Emigwaqeni KaMasipala;

- (e) **"imfucuza yasekhaya"** okusho uhlobo lwemfucuza ngokuvamile olukhiqizwa ezindaweni ezihlala abantu kodwa hhayi imfucuza yasengadini, isihlabathi okusaluketshezi, isidumbu sesilwane esizifele noma imfucuza yasezimbonini noma imfucuza edaleka lapho kwakhiwa;
- (f) **"imfucuza yasengadini"** okusho imfucuza ekhiqizwa ukusebenza engadini okujwayelekile kunoma iyiphi indawo, okubandakanya nokusikwa kotshani, amaqabunga, izihlahla, ukuphungulwa kwezihlahla, kanye nokunye okunjalo, kodwa hhayi izinkuni, ubude bazo obuyohlonzwa uMasipala izikhathi ngezikhathi;
- (g) **"imfucuza eyingozi"** okusho nanoma iyiphi imfucuza ngokuqondile noma ngokungaqondile ekhombisa ingozi engase yenzeka maduze noma ingozi engase yenzeke empilweni yabantu noma kwimvelo ngokuletha eyodwa noma eziningi yalezi zingcuphe ezilandelayo:
- ukuqhuma noma umlilo;
 - ukuhaqeka, amagciwane, izimbungulu noma okuzithwalayo;
 - amakhemikhali angalungile noma ukubola;
 - ubuthi obukhulu ezilwaneni noma kubantu;
 - umdlavuzi, ushintsho, izimila noma izihlisa zokuzalwa;
 - ubuthi, noma umonakala kwinhlalisanomvelo noma emagugwini emvelo;
 - ukunqwabelana kokudla, ukuphazamiseka kwemvelo, noma imithelela enhlobonhlobo,
- ngendlela yokuthi idinga unakekelo olukhethekile kanti futhi angeke ikhululwe emvelweni, noma ixutshwe nokungcola, noma igcinwe endaweni evulekile noma lapho okungaqala khona ukuvuza.
- (h) **"imfucuza yasezimbonini"** okusho imfucuza eyomile ewumphumela wemisebenzi eyenziwa ezimbonini, kodwa hhayi imfucuza edaleka lapho kwakhiwa, imfucuza ekhethekile yasezimbonini noma imfucuza yezohweba;
- (i) **"imfucuza engaboli"** okusho imfucuza—
- (i) engaguquki noma engaboli noma ingayiphi indlela emva kokulahlwa;
 - (ii) engashi, engabulawa ngamakhemikhali noma iphazamise okunye ethintana nakho emvelweni; noma
 - (iii) engaphazamisi imvelo ngobuthi bayo nangenxa yokuthi ubuthi bokuvuza kwayo abunabungozi;
- (j) **"imfucuza yezohwebo"** okusho imfucuza ewumphumela wemisebenzi eyenziwa ezindaweni zokuhweba nasezimbonini kunoma iyiphi indawo okubalwa izitolo, amahhovisi, amahhotela, izindawo zokudlela, izindawo zabavakashi kanye nezinye ezinjalo kanti futhi kubalwa ukungcola nemfucuza edalwa abadayisi basemigwaqeni njengalokhu bechazwe eMithethweni KaMasipala Yokuhweba Emigwaqeni KaMasipala;

"UMthetho Wemfucuza" kusho UMthetho kaZwelonke Wokuphathwa Kwezemvelo: UMthetho Wemfucuza, wezi-2008 (UMthetho uNo.59 wezi-2008)

"umgqomo wemfucuza" kusho umgqomo, ubungako nezinga lawo eliyophasiswa uMasipala izikhathi ngezikhathi, ukuze ugcine futhi uthuthe imfucuza;

"umqoqi wemfucuza" kusho umuntu orejiste ngaphansi kwale mithetho kamasipala njengomqoqi wemfucuza;

“umgqomo omkhulu wemfucuzwa” kusho umgqomo omkhudlwana kunomgqomo ojwayelekile wemfucuzwa, ubungako nezinga lawo eliyophasiswa uMasipala izikhathi ngezikhathi futhi, uyohlinzekwa nguMasipala noma noma umhlinzekimsebenzi ozimele ukuze ugcine futhi uthuthe imfucuzwa;

“indawo yokulahlela imfucuzwa” kusho indawo noma isiza okulahlelwa kuyo imfucuzwa, futhi esetshenziswa ngokwemvume ekhishwe i-DAEARD noma lapho le ndawo isetshenziswa njengendawo yokushisa imfucuzwa, okubalwa nezindawo zokudlulisela imfucuzwa kanye nezi zokuvuselela imfucuzwa;

“umgqomo omkhulu wemfucuzwa” kusho umgqomo omkhudlwana kunomgqomo ojwayelekile wemfucuzwa, ubungako nezinga lawo eliyophasiswa uMasipala izikhathi ngezikhathi futhi, uyohlinzekwa nguMasipala noma noma umhlinzekimsebenzi ozimele ukuze ugcine futhi uthuthe imfucuzwa;

“umkhiqizi wemfucuzwa” kusho noma ubani odala noma okhiqiza imfucuzwa;

“umsebenzi wokulawula imfucuzwa” kusho nanoma imuphi umsebenzi obalulwe kuSheduli 1 yoMthetho Wemfucuzwa noma okhishwe ngesaziso kuGazethi kaHulumeni ngokwesigaba 19 soMthetho Wemfucuzwa, futhi okubandakanya–

- (a) ukuyiswa kwemfucuzwa kwamanye amazwe kanye nokungena kwemfucuzwa ivela kwamanye amazwe;
- (b) Ukudalwa kwemfucuzwa, okubandakanya yinoma yimuphi umsebenzi noma umshikashika ongase ukhiqize imfucuzwa;
- (c) ukunqwabelana kanye nokugcinwa kwemfucuzwa;
- (d) ukuqoqwa kanye nokuphathwa kwemfucuzwa;
- (e) ukuncishiswa, ukusetshenziswa kabusha, ukuvuselelwa kwemfucuzwa ukuba yakhe okunye okuzobuye isebenze kanye nokwenziwa ngcono kwemfucuzwa;
- (f) ukuhweba ngemfucuzwa;
- (g) ukudluliswa kwemfucuzwa;
- (h) ukulungiswa kwemfucuzwa; noma
- (i) ukulahlwa kwemfucuzwa;

“isikhulu esilawula ukuphathwa kwemfucuzwa” kusho isikhulu esilawula ukuphathwa kwemfucuzwa esikhethwe ngokwesigaba 58(1) soMthetho Wemfucuzwa;

“ilayisensi yokulawulwa kwemfucuzwa” kusho ilayisensi ekhishwe ngaphansi kwesigaba 49 soMthetho Wemfucuzwa;

“umsebenzi wokulawulwa kwemfucuzwa” kusho umsebenzi ophathelene nokulawulwa kwemfucuzwa;

“uhlelo lokuncishiswa kwemfucuzwa” kusho uhlelo okuhloswe ngalo ukugqugquzela ukunciphisa ukukhiqizeka kwemfucuzwa kanye nokulahlwa kwemfucuzwa;

“uwoyela oyimfucuzwa” kusho uwoyela ombiwa phansi noma uwoyela okhandiwe ongcolile, owonakele noma ongakulungele ukwenza umsebenzi owawukhandelwe wona;

“umuntu ovuselela kabusha imfucuzwa” kusho nanoma yimuphi umuntu ohlinzeka ngomsebenzi wokunciphisa imfucuzwa elethwe esikhungweni sokudluliselwa kwemfucuzwa noma endaweni yokulahlela imfucuzwa ngokuyihlaza ngazo zonke noma

ezinye zalezi zigaba:

- (a) iphepha;
- (b) izinsimbi;
- (c) izingilazi;
- (d) uplastiki; noma
- (e) umanyolo

ngenhloso yokuba iphinde idayiswe futhi iphinde isethsensiswe njengempahla esivuselelwe kabusha;

“indawo okuthuthelwa kuyo imfucuza” kusho ingxenya ekhethiwe endaweni kamasipala lapho uMasipala ehlinzekela khona umsebenzi wokuthuthwa kwemfucuza, njengalokhu uchitshiyelwa izikhathi ngezikhathi;

“indawo yokudluliselwa kwemfucuza” kusho indawo noma isiza sokuqokelelwa nokugcina imfucuza okwesikhashana ngaphambi kokuba ithuthelwe endaweni yokuyivuselela ukuba yakhe enye into ezosebenza noma endaweni yokulahlela imfucuza.

Ukuqokwa Kwezikhulu Zokulawulwa Kwemfucuza kanye Nabahloli Bezokulawulwa Kwezemvelo

- 2(a) Ngokwesigaba 10(3) soMthetho Wemfucuza, uMasipala uyoqoka, ngokubhala phansi, iSikhulu Sokulawulwa Kwemfucuza emkhandlini wawo esiyodidiyela izindaba eziphathelene nokulawulwa kwemfucuza kuMasipala ngendlela ebalulwe ohlelweni Lwamasu Likazwelonke Lokulawulwa Kwemfucuza olwasungulwa ngokwesigaba 6 soMthetho Wemfucuza noma njengokusho kukaNgqongqoshe Kazwelonke noma Wesifundazwe ngokukhipha isaziso kwiGazethi.
- (b) Ukuqokwa okushiwo esigatshaneni (a) kungadluliswa yileso sikhulu kwesinye isikhulu kuMasipala ngokulandela imibandela nemikhawulo ebekiwe.
- (c) UMasipala uyoqhubeka uqoke abahloli bokulawulwa kwezemvelo abaqeqeshwe ngokwanele ngokweSahluko 7 se-NEMA ukuze baqaphe baphinde baqinisekise ukulandelwa koMthetho Wemfucuza kanye nale mithetho kamasipala.

Uhlelo LukaMasipala Oludidiyele Lokulawulwa Kwemfucuza

- 3(a) Ngokwesigaba 12(2)(c) kuya ku(i) kanye nesigaba 12(3) soMthetho Wemfucuza, uMasipala uyohlanganisa aphinde abuyekeze uHlelo Oludidiyele Lokulawulwa Kwemfucuza njalo ngonyaka ngokubambisana noMnyango Wesifundazwe oqondene bese uqoka uphinde uhlinzeke ngolwazi oludingekayo ukuze kuphothulwe lolu Hlelo Lwesifundazwe.
- (b) UMasipala uyobika njalo ngonyaka ngenqubekela phambili ekuqaliseni uHlelo Oludidiyele Lokulawulwa Kwemfucuza, ngokunjalo nokusebenza maqondana nesigaba 12(2)(a) kuya ku (i) soMthetho Wemfucuza kanye nangokwesigaba 46 soMthetho Wezinhlalo.

Ukulahla nokungcolisa

- 4(1) Akekho umuntu okumele alahle, abeke, akhulule, achithe noma aphonse imfucuza, noma abangele noma avumele ukuba kulahlwe, kukhululwe, kuchithwe noma kuphonswe imfucuza noma ngabe leyo mfucuza isemgqonyeni noma cha, kunoma iyiphi indawo, noma endaweni yomphakathi noma endaweni yomuntu ozimele, kumbandakanya kodwa kungagcini ngomhlaba ongenalutho, imifula, imihosha, amaxhaphozi, amapayipi endle kanye namapayipi amanzi, ngaphandle

- kwasemgqonyeni noma endaweni ehlonzwe ngokukhethekile, ehlinzekiwe noma ehlelelwe ukwenza lo msebezi.
- (2) Isivimbelo esibalulwe esigatshaneni (1) siyosebenza kunoma ubani okuyothi noma ngasiphi isizathu, avule umgqomo onemfucuzi bese elahla, akhulule, aphonse, achithe noma atshinge leyo mfucuzi emgwaqweni womphakathi bese engabe esayibuyisela leyo mfucuzi emgqonyeni.
- (3) Akekho umuntu okuyothi ngesikhathi ehamba ngemoto, noma ngesikhathi egibele emotweni, okuyomele aphonse noma alahle imfucuzi phakathi noma kunoma iyiphi indawo yomphakathi, umgwaqo womphakathi noma indawo ekungeyomuntu ekuMasipala futhi akekho umshayeli wemoto okuyomele avumele umgibeli waleyo moto ukuba aphonse noma alahle leyo mfucuzi ngendlela efanayo.
- (4) (a) Akekho umuntu okuyomele aphonse, achithe noma alahle yinoma iyiphi incwadimbiko, ibhukwana noma esinye isikhangiso phakathi noma kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi noma endaweni ekungeyomuntu noma indawo ekuMasipala.
- (b) Akekho umuntu okuyomele aphonse, achithe noma alahle nanoma iyiphi incwadimbiko, ibhukwana noma esinye isikhangiso phakathi noma kunoma iyiphi indawo ekungeyomuntu uma ecelwa unoma ubani olapho ukuba angakwenzi lokho, noma uma kuleyo ndawo kubekwe uphawu olusendaweni esobala olukhombisa ukuthi abahlali baleyo ndawo abafisi ukuba leyo ncwadimbiko, ibhukwana, noma esinye isikhangiso kushiye kuleyo ndawo.
- (c) Akekho umuntu okuyomele ashaye kumbe ahambise nanoma iyiphi imoto kuMasipala ngaphandle uma leyo moto yakhelwe noma ilayishelwe ukugwema nanoma imuphi umthwalo, okuqukethwe noma imfucuzi ukuba ingaphephuki noma iwele phakathi noma kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi noma endaweni ekungeyomuntu.
- (5) (a) Esimweni lapho uMasipala ebona ukuthi, kunoma imuphi umgwaqo womphakathi, kuyinto engcono ukuvimbela ukupakwa kwezimoto kuleyo ngxenye yomgwaqo ngamahora athile, ukuze kuhlazwe leyo ngxenye mgwaqo ngalolo lusuku, uMasipala enganikeza isaziso ngokulandela izihlinzeko zalesi sigaba ezivimbela lokhu kupaka.
- (c) Lesi saziyo siyoqagula indawo, usuku kanye namahora okukhulunywa ngawo bese-
- (i) sithunyelwa kwabahlala ngakuleyo ndawo; bese futhi
- (ii) sibekwa obala ezindaweni ezithintekile.

Ukuncishiswa kwemfucuzi nokuvuselelwa kwemfucuzi

- 5(1) UMasipala uyothatha zonke izinyathelo ezifanele ukuqalisa izinhlelo zokuncishiswa kwemfucuzi endaweni kamasipala ngokuhambisana nanoma yimaphi amazanga namaqophelo ahlinzekwe kuMasu kaZwelonke Okulawulwa Kwemfucuzi kanye nangokwesigaba 8(3) soMthetho wemfucuzi.
- (2) Izinhlelo zokuncishiswa kwemfucuzi okubhekiswe kuzo esigatshaneni (1) zingathatha isimo –
- (a) sokwethulwa kwamazinga namaqophelo okuhlela nokugoqwa kwemikhiqizo

- ekhiqizwe endaweni kamasipala ezingeni lokwakha ukuze kuqinisekise ukuthi imfucuza ingagwemeka futhi/ noma ingancishiswa ezingeni elingaphambi kokusetshenziswa ngesikhathi kugququzelwa ukwakhiwa kwemikhiqizo ebuye isebenziseke noma enokuvuseleleka ukuba yakhe enye into ezokusebenza emva kokuba seyisetshenzisiwe;
- (b) sokuhlulwa, ukubuyi kusetshenzisiwe, ukuvuselelwa kwemfucuza esuka ezindaweni ezingaphakathi komngcele kamasipala;
 - (c) sokuhlulwa kwemfucuza esigabeni sokwenzeka nokuqoqwa kwaleyo mfucuza ehluziwe;
 - (d) sokuqokwa kwenkampani yokuvuselela imfucuza ezokwenza imisebenzi yokuthengisa ezindaweni eziqokiwe zokulahla imfucuza ezingaphakathi endaweni kamasipala.
- (3) Nanoma yimuphi umuntu oqokelela imfucuza angayalelwa, ngesaziso esibhaliwe asinikezwe nguMasipala, angabizwa ukuba abambe iqhaza kulezo zinhlelo zokunciphisa imfucuza ngokuhlukanisa imfucuza yakhe esigabeni sokuqokelela esakhiweni sakhe, ngezindleko eziyingcosana noma ngazo zonke izindleko zokuhlukaniswa kwaleyo mfucuza ophethwe yilowo menzi wemfucuza othintekayo.
 - (4) Zonke ezinye izindleko ezimaqondana nokuqoqwa, ukuthuthwa nokulahlwa kwaleyo mfucuza ohlukanisiwe nguMasipala, noma yimuphi omunye umhlinzekimsebenzi wemfucuza ozimele onikezwe lowo umsebenzi, kumele zikhokhwe nguMasipala.
 - (5) Ngokuhambisana nesigatshana (2) (d), uMasipala noma inkampani yokusebenzisa udoti ukwakha enye into ezosebenza ezimele eqokwe nguMasipala, ingasebenzisa imfucuza ukwakha enye into ezosebenza esivele ilahliwe endaweni yokulahla imfucuza ukuze kunwetshwe isikhathi sokuba khona kwendawo.
 - (6) Akekho umuntu ongaqala, ongenza noma ongaqhuba umsebenzi wokulawulwa kwemfucuza ngaphakathi kuMasipala, ngaphandle kokuhambisana nezidingo noma amaqophelo asungulwe nguMasipala lapho kungadingeki khona ilayisense ngokoMthetho Wemfucuza.

Ukuqoqwa kanye nokuthuthwa kwemfucuza

- 6(1) UMasipala, lapho kunokwenzeka, ungahlinzeka ngomsebenzi wokuthuthwa kwemfucuza kuzo zonke izakhiwo ezinabantu ezisendaweni engaphakathi yokuthuthwa kwemfucuza futhi osebenzisa yinoma yisiphi isakhiwo uyoba nesibopho sokukhokha imali enqunyiwe yalowo msebenzi, noma ngabe leso sihlizeko sisetshenzisiwe noma cha, futhi ngokunganaki ukuthi umsebenzi uhlinzekiwe yini noma cha ngosuku ngaphandle kosuku olujwayelekile lokuqoqwa. Noma iyiphi imali enqunyiwe eyilevi yalowo msebenzi kumele inqunywe ohlelweni lenkokhelo emisiwe kaMasipala.
- (2) Osebenzisa isakhiwo kumele azise uMasipala ngokubhaliwe ukuthi isakhiwo sesiyasetshenziswa kungakapheli izinsuku eziyisikhombisa zokuhlala kuleso sakhiwo nokuthi ngabe osebenzisa isakhiwo uyakudinga yini ukuhlinzekwa okumaqondana nokuthuthwa kwemfucuza yasezindlini, yasebhizinisini noma yasembonini, noma inhlanganisela yalokhu.
- (3) Osebenzisa nanoma yisiphi isakhiwo kumele aqinisekise ukuthi yonke imfucuza eyakheke kuleso sakhiwo ibekwa futhi igcinwa esitsheni semfucuza, emigqomeni yemfucuza, ezikhwameni noma kwezinye izitsha okumele zembozwe noma zivalwe ngci bese zigcinwa esakhiweni kuze kube ziyathuthwa.

Imibandela yokusebenzisa imisebenzi yokuthuthwa kwemfucuza

- 7(1) Ngosuku olunqunywe nguMasipala lokuthutha imfucuza yendawo ethile, osebenzisa

yunoma yisiphi isakhiwo kuleyo ndawo, ngaphandle uma eyalelwe ngokunye nguMasipala, kumele abeke yinoma yimiphi imigqomo yemfucuzo, izikhwama noma ezinye izitsha onqenqemeni duzane nje nengaphandle lwaleso sakhiwo.

- (2) Akukho mlotha oshisayo, izingcezu zengilazi ezingasongiwe noma enye imfucuzo engadala umonakalo ezitsheni noma emigqomeni kaMasipala, noma ukulimala kubantu noma izimoto eziqashelwe ukuthutha imfucuzo kunoma yisiphi isakhiwo, okumele ufakwe kunoma yimuphi umgqomo wemfucuzo noma isikhwama ngaphandle uma sekuthathwe izinyathelo ezifanele ukugwema umonakalo noma ukulimala.
- (3) Akukho mpahla, kumbandakanya yinoma yikuphi okusaluketshezi, ngesisindo sako noma omunye umumo wakho ongenza ukuba isitsha semfucuzo, umgqomo wemfucuzo, isikhwama noma isitsha esikhulu kube nzima kubasebenzi bakaMasipala ukuba basiqukule, okumele ifakwe phakathi.
- (4) Zonke izitsha zemfucuzo noma imigqomo yemfucuzo engaphakathi noma engaphandle kwanoma yisiphi isakhiwo kumele yembozwe ngesivalo noma ngesinye isembozo ukuze kugwemeke nanoma iyiphi inkathazo noma ubungozi empilweni, futhi kumele leso sitsha noma umgqomo ugcinwe uhlanzekile futhi usesimweni sezempilo esimukelekile.
- (5) Isitsha semfucuzo, imigqomo yemfucuzo noma izikhwama ezibekwe ngaphandle kwesakhiwo somuntu osebenzisayo noma umnikazi kubophezelekile ukuba zinakekelwe osebenzisa isakhiwo noma umnikazi kuze kube yileso sikhathi imfucuzo seyithuthwa nguMasipala, yize noma lowo msebenzi uhlinzekiwe noma cha ngosuku okungelona lolu lokuqoqwa olujwayelekile.
- (6) UMasipala kuyomele unqume ubukhulu bemigqomo yemfucuzo, izikhwama noma izitsha okumele zisetshenziswe ngabasebenzisi besakhiwo ngezinhloso zokuthuthwa kwemfucuzo, noma isibalo saleyo migqomo, izikhwama noma izitsha ngokunjalo nezinsuku umsebenzi wokuthuthwa oyoqhutshwa ngazo.

Ukuhlinzekwa kwezitsha zemfucuzo

- 8(1) UMasipala, noma umhlinzekimsebenzi wokuthuthwa kwemfucuzo ozimele, angaletha izitsha zemfucuzo ezakhiweni uma, ngokubuka ubungako bemfucuzo eyakheka esakhiweni esithintekayo, ukufaneleka kwaleyo mfucuzo ukuba igcinwe ezitsheni zemfucuzo, kanye nokukwazi ukufinyelela kwezimoto ezithutha imfucuzo endaweni ehlinzekwe ngosebenzisa yinoma yisiphi isakhiwo, leyo mfucuzo, ngokubona kukaMasipala, izogcineka ngendlela efanele kakhulu ezitsheni zemfucuzo kunasemigqonyeni yemfucuzo.
- (2) Nanoma yiziphi izitsha zemfucuzo ezilethwe nguMasipala, noma umhlinzekimsebenzi wokuthuthwa kwemfucuzo ozimele, ngokwalesi sigaba kuyomele zihlale kungezikaMasipala noma ngezikhahlinzekimsebenzi wokuthuthwa kwemfucuzo ozimele, lokho okungenzeka.
- (3) Osebenzisa isakhiwo uyoba nesibopho sokuhlawula izindleko zokubuyisela noma izindleko zokukhandwa kwesitsha semfucuzo esilahlekile, esintshontshiwe noma esonakele ngenani elifanele lokubuyiselwa kwaleso sitsha.
- (4) Osebenzisa nanoma yisiphi isakhiwo kuyomele ahlinzeke ngendawo eyanele kanye nezinye izindawo acabanga ukuthi zifanelekile kuleyo ndawo ukuba kugcinwe izitsha zemfucuzo ezilethwe nguMasipala, noma umhlinzekimsebenzi wokuthuthwa

kwemfucuza ozimele, ngokuhambisana nesigatshana (2).

(5) Isitsha semfucuza kuyomele -

- (a) sibekwe ngendlela ethile esakhiweni ezovumela ukugcinwa kwaso ngaphandle kokuba sibonakale emgwaqeni womphakathi;
- (b) lapho kwakheka khona imfucuza yebhizinisi lokuthengisa esakhiweni, kumele sibekwe ngaleyo ndlela ezovumela ukuqoqwa nokuthuthwa kwaleyo mfucuza ngabasebenzi bakaMasipala ngaphandle kwezithiyo, noma ngumhlizekimsebenzi wokuthuthwa kwemfucuza ozimele, lokho okungenzeka;
- (c) zibekwe ngendlela ezovumele ukukwazi ukufinyelelea nokuphuma kuleso sakhiwo kwezimoto zokuthutha imfucuza zikaMasipala noma kwezimoto zomhlizekimsebenzi wokuthuthwa kwemfucuza ozimele.

Imfucuza eyingozi

9(1) Lapho kusuke kugcinwe khona imfucuza eyingozi, eyakheke noma esetshenzwe kunoma yisiphi isakhiwo, uMasipala ngokukhipha isaziso esibhaliwe kulowo odale imfucuza –

- (a) ungavimba ukuthuthwa, ukulahlwa, ukubekwa, ukugcinwa, ukuthwalwa noma ukusetshenzwa kwaleyo mfucuza eyingozi, noma
 - (b) ungayalela ukuthuthwa, ukulahlwa noma ukusetshenzwa kwaleyo mfucuza eyingozi ngendlela eshiwo futhi ngezikhathi ezithile kungakapheli isikhathi esikhonjwe kuleso saziso.
- (2) Uma lowo muntu odala imfucuza ehluleka ukuhambisana nezimiso zesaziso okukhulunywe ngazo esigatshaneni (1), uyobekwa icala lokwephula umthetho futhi uMasipala ungasusa, noma wenze ukuba kususwe, kulahlwe noma kusetshenzwe leyo mfucuza eyingozi ngendlela efanele bese ufuna izindleko ezakheke ekwenzeni lokho kulowo odale emfucuza.
- (3) Akekho umuntu -
- (a) ongasusa noma ongathutha imfucuza eyingozi kunoma yisiphi isakhiwo, noma
 - (b) ongathutha imfucuza enobungozi emgwaqweni noma phezu komgwaqo womphakathi, ngaphandle uma leyo mfucuza eyingozi igcinwe kusikhongozelo ngokuphephile futhi ngendlela efanele noma emotweni eyakhelwe ukugwema ukuchitheka noma ukonokala.
- (4) UMasipala ungakhipha isaziso esibhaliwe esibhekiswe kulowo obangele ukuthi endaweni yakhe kwakhekhe, kwagcinwa, kwasetshenzwa noma kwalahlwa imfucuza eyingozi, esimcela ukuba ahlinzeke uMasipala ngokubhala ngaleyo mininingwane, efakazelwe usokhemisi oqeqeshekile wemisebenzi yokwenza impahla, njengalokhu kungayalezwa kuleso saziso, esiqondene -
- (a) nobungako kanye nokuqukethwe yimfucuza eyingozi eyakheke kuleso sakhiwo, kanye
 - (b) nendlela yokugcina, ukusetshenzwa nokulahlwa kwaleyo mfucuza eyingozi.
- (5) Lowo odale imfucuza uyokwazisa ngaleyo ndlela efanayo uMasipala nganoma yiluphi ushintsho kubungako nokuqukwthwe noma ngendlela yokugcinwa,

ukusetshenzwa noma ukulahlwa kwaleyo mfucuza eyingozi.

- (6) Akekho umuntu oyothuthela nanoma yiyiphi imfucuza eyingozi endaweni yokulahla.
- (7) Akekho umuntu oyothuthela noma oyochithela esakhiweni sokulahla imfucuza nanoma yikuphi okusaluketshezi kwasezimbonini noma abangele lokhu ukuba kwenzeke ngaphandle ngokubhala kuqala imvume kuMasipala futhi ngokuhambisana nanoma yimiphi imbandela angacabanga ukuthi ifanele.
- (6) Nanoma yiziphi izindleko umasipala angene kuzo ngenkathi ezama ukulungisa nanoma yimuphi umonakalo kumbe ukunciphisa nanoma yiyiphi inkathazo edalwe ukuchithwa kwemfucuza eyingozi noma kokethsenzi lwasezimbonini ngokuphikisana nemibandela enqunywe nguMasipala ngokwale mithetho kamasipala, ziyothwalwa futhi zitholakale kumnikazi wayo, noma kumuntu okunguyena owachitha lowo doti noma lelo ketshezi.

Imfucuza yasengadini

- 10(1) UMasipala ungabeka eceleni izindawo ezithile zokulahlwa kwemfucuza yasengadini kanye nempahla ethile evuseleleka kabusha, izikhathi ngezikhathi.
- (2) Izindawo ezishiwo esigatshaneni (1) kuyomele ikhonjiswe ngokusebenzisa amabhodi ezaziso agxunyekwe kulezo zakhiwo.
- (3) Nanoma yimuphi udoti okukhulunywa ngawo esigatshaneni (1) kuyomele ulethwe kuleyo ndawo ngemoto engakwazi ukuthutha umthwala ongekho ngaphezu kwethani elilodwa.
- (4) Akekho umuntu, ongena kuleyo ndawo oyolahla nanoma yiyiphi imfucuza ngaphandle kwaleyo eshiwo esigatshaneni (1) ezitsheni ezihlinzekwe kulezo zindawo.
- (5) Akukho muntu ohlinzeka ngomsebenzi wasezingadini ozimele, umsebenzi wokunakekela, usonkontileka ongangena endaweni ekhonjwe nguMasipala yokulahla imfucuza yasengadini, ngaphandle uma lowo msebenzisi noma usonkontileka engena kuleyo ndawo ngendlela noma ngenhloso yebhizinisi lalowo msebenzisi noma usonkontileka.
- (7) UMasipala angaqasha umuntu ovuselela kabusha imfucuza noma abantu abehlukene abavuselela kabusha imfucuza ukuba baqhube imisebenzi yebhizinisi kunoma yiyiphi indawo noma kuzo zonke izindawo ezishiwo esigatshaneni (1) ngenhloso yokuhlaza imfucuza ngezinhlobo ezehlukene ngenhloso yokuphinde kudayiswe noma kubuye kusetshenziswe njengempahla evuselelwe kabusha.

Imfucuza edaleka lapho kwakhiwa

- 11(1) Lapho ngombono kaMasipala imfukumfuku esele, izibi, nenye imvithimvithi noma izinto ezilahliwe kuvumelekile ukuba zibuthelane endaweni ngaphambi noma ngesikhathi kwakhiwa, kungaba ngesaziso esibhaliwe, uyalela umnikazi waleso sakhiwo ukuba asuse leyo mfukumfuku, izibi, noma enye imvithimvithi kumbe impahla elahliwe kungakapheli isikhathi esinqunywe kuleso saziso.
- (2) Nanoma yimuphi umuntu ohlulekayo ukuhambisana naleso saziso uyoba necala lokwephula umthetho futhi uMasipala angasusa leyo mfukumfuku, izibi, nenye imvithimvithi noma impahla elahliwe kuleso sakhiwo bese efuna izindleko zalokho kususwa kwemfucuza kumnikazi.

- (3) Nanoma yimuphi umuntu ogxumeka noma obhidliza nanoma yiliphi ibhilidi kuyomele asuse nanoma yiziphi ezinye izinto eziyizinsalela noma izinto ezibangelwe yilokho kugxunyekwa noma ukubhidliza esakhiweni noma kunoma yimuphi umhlaba noma indawo yomphakathi ethintekayo kulezo zinto ngesikhathi kubhidlizwa noma emva kokuqedwa kwalokho kugxunyekwa noma ukubhidlizwa, uma kuhlulekeka uMasipala ungayalela ngesaziso esibhaliwe ukuba umnikazi walelo bhlidi enze kususwe lezo zimpahla eziyizinsalela kanye nezinye izinto kungakapheli isikhathi esishiwo esazisweni.
- (4) Nanoma yimuphi umuntu osusa nanoma iyiphi impahla maqondana nesigatshana (3), uyokhipha kuMasipala ikhophi yethikithi lalapho kukalwa khona izimoto, uma impahla isisusiwe iyiswe kwenye indawo noma isakhiwo, ekhomba isakhiwo noma indawo okuthuthelwe kuyo imfucuzi.
- (5) Nanoma yimuphi umuntu ohluleka ukuhambisana nezimiso zesigatshana (3) noma isaziso esikhishelwe yena, uyobekwa icala lokwephula umthetho.

Ukuziphatha endaweni yokulahla imfucuzi

- 12(1) Wonke umuntu ongena andaweni yokulahla imfucuzi elawulwa nguMasipala nenghloso yokulahla imfucuzi -
 - (a) uyongena kuleyo ndawo ngesango lokungena elisemthethweni nelikhonjwe kanjalo;
 - (b) uyoletsa imfucuzi ukuba ikalwe ngendlela edingwa yisisebenzi sikaMasipala elawula leso sakhiwo;
 - (c) uyonika leso sisebenzi yonke imininingwane edingekayo maqondana nokuqokethwe yileyo mfucuzi;
 - (d) uyohlinzeka leso sisebenzi ngolwazi olugcwele olumayelana nomuntu onesibopho sokukhokha inkokhelo emisiwe yemfucuzi elahlwe ukukwazi ukuthi isikweletu sifakwe ngaphansi kwegama lalowo muntu;
 - (e) uyoqinisekisa ukuthi nanoma yisiphi isitsha esilethwe endaweni yokulahla sizokuba nesisindo esifanele esivezwe ngokubonakalayo kumacala womabili.
 - (f) uyolandela imiyalelo anikezwe yona maqondana nokungena endaweni ngqo yokulahla nangendlela imfucuzi okufanele ilahlwe ngayo.
- (2) Nanoma yimuphi umuntu ophikisa noma yiziphi izihlinzeko zesigatshana (1) angenqatshelwa ukungena, noma angasuswa endaweni yokulahla imfucuzi.
- (3) Akekho umuntu oyongena endaweni yokulahla imfucuzi elawulwa nguMasipala nganoma iyiphi inhloso ngaphandle kokulahla imfucuzi mayelana nale mithetho kamasipala, futhi kuphela ngaleso sikhathi kuphela naphakathi kwalawo mahora njengoba kunganquma uMasipala izikhathi ngezikhathi.
- (4) Umasipala ungadinga imoto kanye/ noma isitsha sayo ukuba sikalwe lapho kukalwa khona izimoto esakhiweni nanoma ngasiphi isikhathi.
- (5) Isisebenzi esigunyaziwe kuleyo ndawo yokulahla imfucuzi, singenqaba ukwamukela imfucuzi ngokubona kwaso engaba nomthelela onobungozi kwimvelo, noma angamukela leyo mfucuzi kuncike kuleyo mibandela njengoba isisebenzi singabona ukuthi kufanele.
- (6) Yonke imfucuzi esuswe nguMasipala endaweni yokulahla imfucuzi nayo yonke imfucuzi elawulwa nguMasipala endaweni yokulahla imfucuzi izokuba yimpahla

kaMasipala futhi akekho umuntu ongagunyaziwe njengokufaneleyo nguMasipala ukwenza kanjalo oyoyisusa noma oyoyithikameza.

- (7) Akekho umuntu oyodala, noma oyovumela, imoto engaphansi kolawulo lwalowo muntu ukuba isale esakhiweni sokulahla imfucuza isikhathi eside kunesidingekalayo sokuthululwa kwemfucuza.
- (8) Uma, ngenxa yokuphuka, imoto, ingakwazi ukuphuma endaweni yokulahla imfucuza, umuntu ophethe leyo moto uzothatha izinyathelo eziphuthumayo ukugwema noma yikuphi ukuphazamiseka esakhiweni ngokwenza izinhlelo zokususwa kwemoto esakhiweni.
- (9) Uma, noma yingasiphi isizathu, umuntu ophethe imoto ehluleka ukususa imoto esakhiweni kungakapheli isikhathi esifanele, isikhulu sikaMasipala esisebenza esakhiweni singathatha noma yiziphi izinyathelo esicabanga ukuthi zifanele ukususa imoto esakhiweni ukuze kungaqhubeki kudaleke ukuphazamiseka, ngezindleko zomnikazi waleyo moto, futhi akuwona uMasipala noma yisiphi isisebenzi sikaMasipala ongenza icala lesibopho semali kumnikazi ngenxa yaleso senzo.
- (10) Nanoma yimuphi umuntu ongena endaweni yokulahla imfucuza ngenhloso yokulahla imfucuza, ngaphezu kokuhambisana nezihlinzeko ezingenhla, kuyomele ahambisane nayo yonke imibandela ebekwe kunoma iyiphi imvume ekhishwe nguMnyango wezaManzi namaHlathi.

Ukungena esakhiweni

- 13(1) Umhlali wasesakhiweni lapho uMasipala ehlinzeka khona ngemisebenzi yokuthuthwa kwemfucuza uyovumela uMasipala ukungena esakhiweni ngenhloso yokuqoqa nokususa imfucuza futhi uyoqinisekisa ukuthi akukho okuphazamisa, okuvimbela noma ukuthikazisa uMasipala ekwenzeni umsebenzi wawo.
- (2) Uma, ngombono kaMasipala, ukuthuthwa noma ukususwa kwemfucuza esakhiweni kungenzeka kugcine konakalise isakhiwo noma impahla kaMasipala, noma ukulimala kulowo othutha imfucuza noma yimuphi omunye umuntu, njengombandela wokwenza umsebenzi wokuthutha imfucuza maqondana nesakhiwo, kungadinga ukuba umhlali ukuba azibophezele ngokubhaliwe maqondana nanoma yimuphi lowo monakalo noma ukulimala noma yiziphi izimangalo eziqhamuka kunoma yikuphi.

Uhlelo Lwezokwazisa Ngemfucuza

- 14(1) Ngokomthetho Wemfucuza uMasipala kumele usungule uhlelo lwezokwazisa ngemfucuza ukuze kutholakale ulwazi oluyilo ngemfucuza kanye nokuvumela ukuhlelwa kokulawulwa nokubeka phambili kwemfucuza okwanele.
- (2) Lapho umuntu edala imfucuza engaphezu kwama- 100kg njalo ngosuku, kuyomele –
 - (a) arejistele lokho kuMasipala, futhi abike njalo ngenyanga kumasipala ngesamba sezinhlobo ezahlukenene zemfucuza edalekile esakhiweni sakhe; futhi
 - (b) abike ngezindlela zokulawula imfucuza ezisetshenziswayo ukulawula leyo mfucuza.
- (3) Bonke abavuselela imfucuza kabusha abaqhuba ibhizinisi kunoma yiziphi izikhungo zokulawulwa kwemfucuza zikamasipala, abenza umsebenzi wokuhlaza imfucuza, ukuyivuselela, ukuyilungisa, ukuyenza ibuye isebenze nokuyilahla kuyomele –

- (a) bahlinzeke ngemibiko yanyangazonke ngesamba nezinhlolo zemfucuzo abayimukelayo, kumasipala; futhi
- (b) babike ngezindlela zokulawula imfucuzo ezisetshenziswayo ukulawula leyo mfucuzo.

Amacala nezigwebo

15(1) Ngokwale mithetho kamasipala, nanoma yimuphi umuntu ohluleka –

- (a) ukuthatha izinyathelo ezifanele ukuqinisekisa ukuthi imfucuzo ilahlwa lapho okufanele ukuba ilahlwe khona, leyo mfucuzo iyolungiswa noma ilahlwe ngendlela ephephile emvelweni;
- (b) ukuphatha imfucuzo ngendlela engadali ingozi empilweni noma emvelweni noma engadali inkathazo ngomsindo, iphunga noma enomthelela wokungakwazi ukubona kahle;
- (c) ukuqalisa, ukwenza noma ukuphatha umsebenzi wokulawulwa kwemfucuzo ngokuhambisana nezidingo namaqophelo anqunye alowo msebenzi noma maqondana nezidingo zelayisense yokulawulwa kwemfucuzo ekhishiwe maqondana nalowo msebenzi;
- (d) ukuthola igunya lokulahla imfucuzo kunoma yimuphi umhlaba, amanzi noma enye indawo, noma
- (e) ukuhambisana nombandela noma isidingo selayisense yokulawulwa kwemfucuzo,

uyobekwa icala lokuphula umthetho futhi uma eselahlwe icala, uyoba nesibopho senhlawulo eyonqunywa yiNkantolo enamandla esikhundla esifanele ukwengeza kunoma yisiphi isigwebo noma umklomelo okungenzeka uphoqeilewe noma wenziwe maqondana ne-NEMA noma uMthetho Wemfucuzo.

(2) Nanoma yimuphi umuntu –

- (a) ohluleka ukugcina imfucuzo ngendlela efanele esakhiweni sakhe okugcina sekungcolise imvelo noma ukulimala empilweni ngenxa yokuchitheka, ukuvuza, izibi ezipheshulwe wumoya, iphunga, umthethela wokungakwazi ukubona kahle noma amagciwane azalelekayo;
- (b) ohluleka ukugcina imfucuzo esitsheni esivunye ngumasipala nendawo;
- (c) ohluleka ukuthola igunya lokuthutha imfucuzo lapho lelo gunya lidingeka khona;
- (d) ophonsa, owisa, ochitha noma ojikijela ngenhloso noma ngobudedengu nanoma yiziphi izibi endaweni noma phakathi endaweni yomphakathi, kumhlaba, esizeni esingahlali muntu, umsele wamanzi, isitaladi, umgwaqo noma kunoma iyiphi indawo umphakathi akwazi ukungena kuyo;
- (e) ohluleka ukuvumelana namazinga kanye namaqophelo amisiwe maqondana noMthetho Wemfucuzo;
- (f) onikezele ngolwazi olungelona iqiniso noma olukhohlisayo ngabomu esikhulwini esiLawula ukuPhathwa Kwemfucuzo noma uMhloli Wezokuphathwa Kwemvelo;

uyobekwa icala lokuphula umthetho futhi uma eselahlwe icala, uyoba nesibopho senhlawulo eyonqunywa yiNkantolo enamandla afanele esikhundla ukwengeza kunoma yisiphi isigwebo noma umklomelo okungenzeka uphoqeilewe noma wenziwe maqondana ne-NEMA noma uMthetho Wemfucuzo.

(3) Nanoma yimuphi umuntu ohluleka ukunika imininingwane, ulwazi, imibhalo,

amasampula noma izimpahla kuMasipala njengoba kudingeka maqondana nale mithetho kamasipala uyobekwa icala lokuphula umthetho futhi uma eselahlwe yicala, uyokuba nesibopho sokukhokha inhlawulo eyonqunywa yiNkantolo enamandla esikhundla esifanele ukwengeza kunoma yisiphi isigwebo noma umklomelo okungenzeka uphoqeile noma wenziwe maqondana ne- NEMA noma uMthetho Wemfucuzi.

- (4) Nanoma yimuphi umuntu ogwetshiwe ngaphansi kwalo mthetho kamasipala noma uMthetho Wemfucuzi futhi ophikelelayo emva kokuba esegwetshwe kanjalo, ngesenzo noma iphutha elenze icala, uyokuba nesibopho sokukhokha inhlawulo engeqile kuma- R1000 noma ukuvalelwa ejele isikhathi esingeqile ezinsukwini ezingama- 20 noma kokubili, inhlawulo nokubhadla ejele maqondana nosuku ngalunye lolo umuntu ngamunye ephikelela naleso senzo noma iphutha.
- (5) UMasipala angakhipha isaziso kumhlali wanoma yisiphi isakhiwo, edinga ukuba lowo mhlali asuse noma yimuphi udoti kuleso sakhiwo ngendlela futhi kungakapheli isikhathi esibalulwe kuleso sazi.
- (6) Uma umuntu onikezwe isaziso ngaphansi kwesigatshana (5), ehluleka ukuhambisana nezidingo ezinqunywe yisaziso, lowo muntu uyobekwa icala lokuphula umthetho futhi uyoba nesibopho ngesikhathi sokulahlwa yicala sezinhlawulo ezinqunywa isikhathi nezikhathi yiNkantolo enamandla afanele esikhundla.
- (7) Uma umuntu onikezwe isaziso ngokwesigatshana (5), ehluleka ukuhambisana nanoma yiziphi izinto ezidingekayo ezishiwo yilesa sazi, uMasipala-
 - (a) ungangena esakhiweni ususe imfucuzi; futhi
 - (b) ungafuna izindleko ezidaleke ngokwenzenjalo kumuntu osebenzisa indawo.
- (8) Lapho nganoma yisiphi isikhathi isikhulu esigunyaziwe sikaMasipala sithola yinoma yimuphi umuntu esikholelwa ngokwesizathu esithile ukuthi ngaleso sikhathi uphule umthetho ngaphansi kwale mithetho kamasipala, singanikeza lowo muntu isaziso esinikeza lowo muntu ithuba lokuzikhipha ecaleni ngokuba akhokhe inhlawulo ebekiwe.
- (9) Lapho umuntu enikezwa isaziso ngaphansi kwesigatshana (8) -
 - (a) akuyoqhutshekwa nalelo cala kuze kube kuphela izinsuku eziyishumi nane ngemva kosuku lokhishwa kwesaziso; futhi
 - (b) lowo muntu akayokubekwa icala uma inhlawulo ebekiwe ikhokhiwe ngaphambi kokuphela kwaleso sikhathi.
- (10) Isaziso esingaphansi kwesigatshana (8) kumele sinikeze imininingwane yesimo okusolakala ukuba sidale ukwaphulwa komthetho njengalokhu kufaneleke ukuba sinikeze ulwazi oluzwakalayo lokwaphula umthetho futhi kumele sicacise-
 - (a) isikhathi esihlinzekelwe esigatshananeni 9(a);
 - (b) isamba semali yenhlawulo ebekiwe; kanye
 - (c) nokuthi siya kubani, nekheli lapho inhlawulo ebekiwe engakhokhwa khona.
- (11) Inhlawulo ebekiwe ekhokhwa kuMasipala ngokuyalelwa yisaziso ngaphansi kwesigatshana (8) iyonqunywa nguMasipala izikhathi ngezikhathi.

Ukuchithwa kwemithetho kamasipala

16. Imithetho kaMasipala Yemfucuza eyashicilelwa mhla ziye-17 kuMbasa wezi- 2005 ngaphansi kweSaziso sesiFundazwe uNo. 8 yowezi- 2005, iyachithwa lapha.
-